ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA

ISIVIVINYO SETHEMU LESITHATHU

IBANGA 1

| | |
|---|---|
| ISIKOLE | |
| IBANGA | |
| IGAMA LOMFUNDI | |
| ISIBONGO SOMFUNDI | |
| USUKU LOKUZALWA | |

| Okuqukethwe | Amamaki | Amamaki omfundi |
|---|---|---|
| **Umsebenzi 1:** Ukulalela nokukhuluma | 10 | |
| **Umsebenzi 2:** Imisindo | 10 | |
| **Umsebenzi 3:** Ukufunda | 10 | |
| **Umsebenzi 4:** Ukubhala | 10 | |
| **Umsebenzi 5:** Ukubhala kahle ngesandla | 10 | |
| **Isamba** | 50 | |

| | |
|---|---|
| Igama lomfundi | |
| Usuku | |

**Umsebenzi 1. Ukulalela nokukhuluma**

Lalela imiyalelo ozoyinikwa uthisha wakho. Izitini zakho zizobekwa ngalendlela elandelayo.

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| esibomvu | esiphuzi | esiluhlaza okwesibhakabhaka okukhanyayo | esiluhlaza okwesibhakabhaka okumnyama | esiluhlaza okotshani | esisawolintshi |

| Okuqukethwe | Amamaki |
|---|---|
| 1.Thatha isandla sakho sokudla usibeke phezu kwesandla sakho sokunxele. | /1 |
| 2.Sebenzisa isandla sakho obunxele,thatha isitini esiluhlaza bese usebenzisa isandla sakho sokudla uthathe isitini esibomvu,man je shintshanisa izitini. | /1 |
| 3.Beke isitini esisawolintshi ekhoneni eliphezulu kwesokudla letafula lakho. | /1 |
| 4.Sebenzisa isandla sakho sokunxele. Thatha isitini sakho esiphuzi usibeke ngezansi kwetafula. | /1 |
| 5.Sebenzisa isandla sakho sokudla,thatha isitini esiluhlaza okwesibhakabhaka okumnyama usibeke phezulu kesitini esiluhlaza okwesibhakbhaka okukhanyayo. | /1 |
| **Isamba** | /5 |

**b. Ukukhuluma.** Imikhuba nezibopho

Yisho inkulumo enemisho egu 5-10 mayelana nokuziphatha okuhle nokuthi kungani kubalulekile ukuba nokuziphatha okuhle.

| Okuqukethwe | Amamaki |
|---|---|
| Umfundi uzilungiselele kahle. | /1 |
| Umfundi unolwazi ngesihloko. | /1 |
| Umfundi uyazwakala. | /1 |
| Umfundi ubonisa ukuzethemba. | /1 |
| Umfundi uheha abafundi ngentshiseko. | /1 |
| **Isamba** | /5 |

| | |
|---|---|
| Igama lomfundi | |
| Usuku | |


## Umsebenzi 2: Imisindo

a. Imisindo. Bhala igama lesithombe

| | |
|---|---|
|  |  |
| | |

/2


b. Faka umsindo ofanele ukwakha igama

| | | |
|---|---|---|
|  |  |  |
| _ _ uza | um _ _ anelo | i _ _ ola |

/3

c. Ukuxutshwa kongwaqa. Bhala isiqalo esifanele somsindo wesithombe ngasinye.

| | | |
|---|---|---|
| sh | bh | th |

| | | |
|---|---|---|
|  |  | <br> |

_ _ ela _ _ aya _ _ ala /3

| | |
|---|---|
| Igama lomfundi | |
| Usuku | |

**Umsebenzi 3:** Ukufunda


Hlola umfundi ngamunye ngokufunda amagama angezansi.

| Amagama abonwa njalo | | | | | Amamaki | Amamaki omfundi |
|---|---|---|---|---|---|---|
| izolo | ugogo | umama | itiye | ufuna | 1 | |
| umoba | khala | ikati | ingubo | ihleza | 1 | |
| izolo | mfundo | ubaba | funda | osocathulo | 1 | |
| ingane | ugodo | malume | ngoba | umfana | 1 | |
| iqolo | isitsha | vela | ibhubesi | isikole | 1 | |
| **Isamba** | | | | | 5 | |



| | |
|---|---|
| Igama lomfundi | |
| Usuku | |

**b. Isifundo sokuqondisisa.** Funda indaba bese uphendula imibuzo



**Usuku olujabulisayo epulazini!**

Iqhude uQhuqhu ubekade esekulindele ukuqala usuku lwakhe epulazini. "Akiki-likii-di!" Washo ekhala kakhulu. Ingulube uPheni nenkomo uKibi baphuma esibayeni sebezelula.

"Sawubona Pheni nawe Kibi" kusho uQhuqhu, Lalihle ilanga lanamuhla." Ingulu nenkomo zazelula zethamele ilanga. Iqhude lahamba ebaleni liqhwanda inhlabathi. Iqhude liyathanda ukuqhwanda inhlabathi lifuna imbewu nezinambuzane ezimnandi. "Mmm mnandi," lisho iqhude uma lithola inambuzanyane ekhuluphele. Kusenjalo umlimi uMlungisi wavela eya ngasesibayeni."Mmm mnandi! Isikhathi sokudla kwasekuseni!" kumemeza uPheni.



1. Ubani igama leqhude?

   Igama leqhude u __ __ __ __ __ __ .

2. Ingabe usuku olumnandi?

   Faka umbala ebhokisini elinempendulo efanele.

| | |
|---|---|
| Yebo, usuku olumnandi. | Cha, akulona usuku olumnandi. |

3. Iziphi ezinye izilwane ezitholakala endabeni?

Kukhona ________________ ne ________________ .

4. Bhala izinto ezimbili ezidliwa iqhude uQhuqhu njengokudla kwasekuseni.

| | |
|---|---|
| 1. | 2. |

Ukufuda __________ / 10 isamba

| | |
|---|---|
| Igama lomfundi | |
| Usuku | |



**Umsebenzi 4:** Ukwakhiwa kwezinhlamvu. Bhala kahle lemisho engezansi.



1. Igama lakhe uThoko

2. Ngifunda ibanga lokuqala.

3. Ngithanda ukudlala esikoleni.

4. Thula, ubanga umsindo!

5. Bathanda ukudla amakhekhe?

| Okuqukethwe | Amamaki | Amamaki omfundi |
|---|---|---|
| Umfundi uyakwazi ukukopisha yonke imisho. | 2 | |
| Umfundi uyakwazi ukubamba kahle umsizi wakhe. | 2 | |
| Umfundi ukwazi ukukopisha izinhlamvu ashiye nesikhala esifanele. | 2 | |
| Umfundi uyakwazi ukwakha kahle zonke izinhlamvu | 2 | |
| Umfundi ubhale ngobunono. | 2 | |
| **Isamba** | **10** | |

b. Izabizwana. Faka isabizwana esisebhokisini esikhundleni segama elidwetshelwe.

| Yena | thina | Nina | Bona | Mina |
|---|---|---|---|---|
| | | | | |

1. Umalume mude. ______________________
2. UTholakele noNhlanhla bangabangani. ___________________________
3. Umama ungumhlengikazi. ________________________________

b. **Ukubhala.** Bhala umuso owodwa bese uqedela ikhadi losuku lokuzalwa.




_______________othandekayo

______________________________
______________________________
______________________________
______________________________
______________________________
______________________________

Ivela Ku

______________________________

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA

IMEMORANDAMU YEBANGA I ITHEMU 3

Umsebenzi 2

Ikati. Amacici (2)

b.Phuza Umshanelo ibhola (3)

c.thela shaya bhala (3)

d. Thina sithanda ukudlala ngezimoto. (2)

<u>Umsebenzi 3-Ukufunda (10)</u>

Sebenzisa i-rubrikhi

<u>Isifundo sokuqondisisa (5)</u>

1. UQhuqhu (1)
2. Yebo, usuku olumnandi (1)
3. ingulube nenkomo (1)
4. imbewu nezinambuzane. (2)

<u>Umsebenzi 4.</u>

Sebenzisa irubri

<u>Umsebenzi 5-ukubhala (4)</u>

1. Umfana udlala ibhola.
2. Mina nogogo siya ezitolo.
3. Izingane zidla ukudla.
4. Sivakashele epaki.

<u>b.Izabizwana (3)</u>

1.yena

2.Bona

3.Yena

<u>c.Ukubhala ikhadi</u>

imaki ngalinyi ngokubhala amagama( ivela ku.. iya ku....) (2)

Umlayezo ofanelekile (1)

Amagama abhaliwe. (2)

Umlayezo awunama phutha. (1)

Isibonelo:

1. Ube nosuku olumnandi.
2. Ube nosuku olugcwele injabulo
3. Ngikufisela ukuthi uthole konke okufunayo.